IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UJesu Uhlangabezana Nesikhathi Esinzima

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus

Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Sarah S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2014 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Ngenkathi uJesu ebhabhadiswa, uNkulunkulu wathi: “wena uyindodana yami ethandekayo; ngithokozile ngawe.”

Umoya kaNkulunkulu wahlela kuJesu njengejuba.

Umoya kaNkulunkulu waqhubela uJesu ehlane. Ujesu wayeyedwa ehlane.

Wayesehlane izinsuku ezingamashumi amane engadli ezile ukudla. Lokhu kusho ukuthi walamba kakhulu.

Ibhayibheli lithi
wayendawonye
nezilwane zasendle.

Usathane wafika ezolinga uJesu.

Kudala, waqala ngokulinga u-Adamu no-Eva ukuba bephambane nomthetho kaNkulunkulu engadini yase-Idene.

Manje noJesu wayezo vivinywa uSathane njengo-Adamu no-Eva.

Usathane wayengazama nokulinga ngisho nendodana
kaNkulunkulu, uJesu.


Wayesethi kuye uSathane: "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yisho kulelitshe ukuba libe yisinkwa." Weyazi ukuthi uJesu
ulambile.

Weyazi ukuthi indodana kaNkulunkulu ingakwazi ukushitsha itshe libe yisinkwa. Kaze uJesu uzomulalela yini uSathane.

Kepha waphendula wathi: Kulotshiwe ukuthi:

“Akusinkwa sodwa umuntu ayophila ngaso kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”

Khona uSathane wamthatha,
wamyisa emzini ongcwele,
wammisa esiqongweni
sethempeli, ...



... lapho abantu babedumisa khona uNkulunkulu. Kaze wayesezokwenzani uSathane?

“Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ziphonse phansi lapha, ngoba kulotshiwe ukuthi uNkulunkulu uyokuyaleza izingelosi ngawe zikuthwale,”
Kusho uSathane.

“Cha! Kulotshiwe nokuthi: 'Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.'”



USathane wabuye wamyisa entabeni ende kakhulu.

Wamkhombisa imibuso yonke
yezwe nenkazimulo yayo.
Wathi kuye: "Konke lokhu
ngizakunika kona, uma
uziwisa phansi,
ukhuleke kimi."

“Suka kimi Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi:

'Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, ukhonze yena yedwa.'"

USathane wayesemshiya. UNkulunkulu wenza into enhle emvakalokho.

Wathumela izingelosi ukuyonakekela nokududuza indodana yakhe uJesu - ongawelanga esilingweni sikaSathane.



UJesu Uhlangabezana Nesikhathi Esinzima

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu,
iBhayibheli,

Itholakala

Matthew 4, Luke 4

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho
kuyakhanyisa." AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi
iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena
unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba
inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni
usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni
yami ungithethelele izono zami, ukuze
ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze
ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade.
Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele
Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16